## IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

***11/2014 Intshumayelo ngesonto wa bobedi morago ga moletlo wePhifaniya , ngomhla 19. 01. 2014***

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 24/129

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu womusa, Baba wothando, osithumele iNdodana yakho ukuba isambulele uthando lwakho, siyacela kuwe, sithi: Mawuguqule isimo sethu esinanyathelwe yisono, usigcwalise thina esiyizinceku zomthetho ngokwemvelo yethu, usigcwalise ngoMoya wobuntwana ngayo iNdodana yakho uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu, Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwaseRoma 12:4-16

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Johane 2:1-11

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 76/69

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Iphistola** ngohlelo lwesithupha lilotshiwe ku-Heb. 12:12-25, lihi: "Ngakho-ke qinisani izandla ezibuthakathaka namadolo axegayo, nenzele izinyawo zenu izindlela eziqondileyo ukuba okuqhugayo kungaphinyazeki, kepha kunalokho kuphulukiswe. Zamelani ukuthula nabo bonke kanye nokungcweliswa; ongenakho angeyibone iNkosi; niqaphelisise kungabikho osilelayo emuseni kaNkulunkulu, funa kumile impande imbe ebabayo, inixobise, kungcoliswe abaningi yiyo, kungabikho oyisifebe noma odumazayo njengoEsawu owathengisa ubuzibulo bakhe ngesidlo sinye nje. Ngokuba niyazi ukuthi, nokuba ngasemuva ethanda ukudla ifa lesibusiso, waliwa, ngokuba akalitholanga ithuba lokuphenduka, noma ekufunisisa ngeziyembezi. Ngokuba enizanga entabeni ephathekayo nesha umlilo, nasekufiphaleni, nasebumnyameni, nasesivunguvungwini, nasekukhaleni kwecilongo, nasekuzwakaleni kwamazwi, abathé ukukuzwa, bancenga ukuba kungabe kusakhulunywa izwi kubo, ngokuba babengenakukuthwala lokho abayalwa ngakho kokuthi: Ngisho nesilwane, uma sithinta intaba, siyakukhandwa ngamatshe; yebo, umbono wesabeka kangaka, waze wathi uMose: Nginovalo olukhulu,

ngiyathuthumela; kodwa nizé entabeni yaseSiyoni nasemzini kaNkulunkulu ophilayo, iJerusalema lasezulwini, nasezigidigidini zezingelosi. Nasebandleni lamazibulo abaliwe ezulwini, nakuNkulunkulu, uMahluleli wabo bonke, nakuyo imimoya yabalungileyo abaphelelisiweyo, nakuJesu, umlamuleli wesivumelwano esisha, nasegazini lokufafaza elikhuluma okukhulu kunelika-Abela. Bhekani, ningamali okhulumayo." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, akukuhle, uma abantu abangamaKristu bakhohlwa okwenzekile entabeni yaseSinayi, naseBetlehema, nasentabeni yaseSiyoni. Kubi kunalokhu, uma labo abashumayelayo bakhohlwa okwenzekile kulezindawo. Kubi kabi, uma labo abashumayelayo beguqula uNkulunkulu akuhlosile ngakho okwenzekile kulezizindawo. Lapho okwenzekile khona kukhohliwe, kuyadingaka ukuba amakholwa alulekwe ngezeluleko esizitholayo ezwini lentshumayelo yanamuhla. Uma abantu bekhumbula okwenzekile khona nakho uNkulunkulu akuhlosile ngakho, abakukhumbulayo bazogcina abakuzwayo kuzo. Ngakho lokhu ake siqaphele okwenzekile, nakho uNkulunkulu akuhlosile ngakho

1. entabeni yaseSinayi;

2. naseBetlehema;

3. nasentabeni yaseSiyone.

1. Ngiyethemba ukuthi bonke ababeqiniswa eKerikeni ngokobuLuthere bazophendula masinyane, mhla bengabuzwa ukuthi kwenzekani entabeni yaseSinayi. Kuyaziwe ukuthi uNkulunkulu wambula khona umthetho wakhe, noma imiyalelo eyishumi. Nakho okushiwo ezwini lentshumayelo yanamuhla kuyakhunjulwa ukuthi kwakungumbono owathusa abantu kabi, njengalokhu sizwa ukuthi kuleyantaba abantu babengavunyelwa ukuza kuyo kulentaba nesha umlilo, nasekufiphaleni, nasebumnyameni, nasesivunguvungwini, nasekukhaleni kwezicilongo, nasekuzwakalezeni kwamazwi emiyalelo eyishumi. Kwangumbono owesabeka kabi. Ngokwesaba nokuthuthumela abantu babekhombisa ukuthi babeqonda nenhloso uNkulunkulu ayihlosile ngokubambulela umthetho, noma imiyalelo yakhe ukuba bethuswe, baqonde ukuthi bayizoni phambi kukaNkulunkulu. Yiyo inhloso enkulu uNkulunkulu abambulele imiyalelo yakhe ukuba bethuswe, badabuke, besabe, uma bezihlolisisa ngokwemiyalelo kaNkulunkulu. Yiyo inhloso enkulu uNkulunkulu abambulela abantu imiyalelo yakhe ngenxa yayo. Kusho ukuthi: Kubi, uma abantu bekhohlwa lenhloso, kubi kabi kakhulu, uma lenhloso iguqulwa ngokukhohlisa abantu ngalezinguquko, kakhulu uma kuthiwa: Imiyalelo kaNkulunkulu

ilula nje, umuntu uphumelela ukuyigcina kalula, nokuzilungisela indawo enhle ezulwini, uma eyigcina. Kodwa ngokwempela umthetho uthi: "Baqalekisiwe bonke abangemi njalo kukho konke okulotshiweyo encwadini yomthetho ukuba bakwenze." Endaweni enye kulotshiwe ukuthi: "Kepha siyazi ukuthi lokhu okushoyo umthetho ukukhuluma kubo abasemthethweni ukuba yonke imilomo ivinjwe, izwe lonke libe-necala kuNkulunkulu, ngokuba ngemisebenzi yomthetho akukho-nyama eyakuthethwa kahle phambi kwakhe, ngokuba ngomthetho kukhona ukwazi isono." Yikho okwenza ukuba umuntu oqonda inhloso uNkulunkulu anika umthetho ngayo athuke kabi, aqonde ukuthi akaphumeleli ukuzilungisela ukuphila okuphakade ngakho okwenzekile entabeni yaseSinayi, nokuthi kuyadingeka ukuba asizwe ngakho okwenzekile eBetlehema, nasentabeni yaseSiyone, nangokukholwa okuhlosiwe nguNkulunkulu ngakho okwenzekile khona kulezindawo ezimbili.

2. Nakho okwenzekile eBetlehema abantu bayakwazi. Bayazi ukuthi uJesu wazalwa khona. Kodwa maqondana nakho okuhlosiwe nguNkulunkulu ngokuzalwa kwakhe angithandi ukuqinisa kangaka ukuthi abantu bayazi lenhloso, kakhulu esikhathini sanamuhla, umuntu ebona ukuthi intokozo ngomkhosi wokukhumbula ukuzalwa kweNkosi uJesu Kristu iguquliwe kabi phakathi kwabantu. Kodwa ake singahlupheki ngabo abayiguqukayo lenhloso, kodwa siqhubeke ngokubonga uNkulunkulu ngenxa yakho okuvunywa ekerikeni lobuKristu ngakho okukhulu okwenzekile ngokuzalwa kweNdodana kaNkulunkulu, ibe ngumuntu impela, njengalokhu sivuma njalo emikhosini emikhulu ngesivumo saseNikeya, sithi: "Owehla ezulwini ngenxa yethu thina bantu nangenxa yokusindiswa kwethu, waba yinyama ngoMoya oNgcwele kuMariya intombi, futhi waba ngumuntu." Noma ngokukhumbula amazwi engelosi eyatshela abelusa, yathi: "Ningesabi; ngokuba bhekani, nginibikela izindaba ezinhle zokuthokoba okukhulu okuzakuba-kubantu bonke ukuthi nizalelwe namuhla uMsindisi onguKristu, iNkosi emzini kaDavide." Kusho ukuthi masingakhohlwa uNkulunkulu akuhlosile ngokuthuma iNdodana yakhe ukuzalwa abe ngumuntu impela. Uhlosile ukuba sikholwe ukuthi uyasithanda kangaka ngokunikela ngeNdodana yakhe ukuba okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade. Nangakho okunye okwenzekile eBetlehema ngokufika kwezazi ezavela emphumalanga uNkulunkulu wafakazela inhloso yakhe yokuthi uyatanda ukuba nabantu bezizwe zonke beze baguqe ngamadolo phambi kwengane abayizalelwe.

3. Kunjalo nangakho okwenzekile entabeni yaseSione, eJerusalema. Khona iNdodana kaNkulunkulu yahlushwa, yahlushelwa abantu bezizwe zonke, yabafela esiphambanweni, yangcwatshwa, ngaphezu kwakho lokhu yavuka khona ekufeni ukuqinisa ukuthi uYise

wamukela esikwenzelwe nguMsindisi wethu ukuba ikerike lobuKristu livume ngakho okwenzekile khona ngesivumo esithi: "Futhi wabethelwa esiphambanweni ngenxa yethu phansi kukaPontiyu Pilatu, wahlushwa wembelwa, futhi wavuka ngosuku lwesithathu njengokwemiBhalo." Lendaba ihlanganiswa kahle ngamazwi athi: UJesu unguye "owanikelwa ngenxa yeziphambeko zethu, wavuswa ngenxa" yokubalelwa kwethu ukulunga kukaKristu ngokukholwa nguye.

Okhumbulayo okwenzekile entabeni yaseSinayi, naseBetlehema, nasentabeni yaseSiyone, nakho uNkulunkulu akuhlosile ngakho okwenzile khona kulezizindawo ezintathu akayikudinwa ekukholweni, nokudelela isibusiso abusisiwe ngaso nguNkulunkulu njengoEsau owathengisa ngesibusiso sakhe sobuzibulo bakhe ngesidlo sinye nje, noma ukufulathela kuye osilungisele okuhle kangaka, kodwa uzoqinisela ekukholweni, nokubonga izibusiso, nokunamathela kuye osilungisele indawo enhle enkazimulweni yakhe ukuba sithokozele ukungcweliswa ngobungcwele obufanele abantwana bakaNkulunkulu, nokuhlala emuzini kaNkulunkulu ophilayo kanye nezingelosi ezingcwele, nasebandleni lamazibulo abhaliwe ezulwini, nakuNkulunkulu, uMahluleli wabo bonke nakuyo imimoya yabalungileyo abaphelelisiweyo, nakuJesu, umlamuleli wesivumelwano esisha, nasegazini lokufafaza elikhuluma okukhulu kunelika-Abela. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Baba osezulwini, siyabonga ngokusikhumbuza okwenzekile entabeni yaseSinayi, naseBetlehema, nasentabeni yaseSione ukuba singadinwa ekukholweni, kodwa sihlale kukho njalo, sithokozele esikulungiselwe yiNdodana yakho ethandekayo, iNkosi noMsindisi wethu, uJesu Kristu. Mawusizwa ngenxa yakhe. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 123/298

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2013 ngu-E. A. W. Weber

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.